*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Mama, sizodlani emini?*
*(Mama, What's For Lunch?)*
Illustrated by Heather Jenkins
Written by Sally Partridge
Designed by Mbali Mauda
Edited by Melissa Fagan
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in the Virtual Book Dash on 18 September 2021.

ISBN: 9781776324255

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.





“Sheshisa, Thabo. UMama wenza isidlo sasemini,” kumemeza uTumi.



Abangani bakhe abaqondi ukuthi kungani ekhetha isidlo sasemini kunomdlalo wabo, kodwa uThabo unemfihlo.

Izidlo zikaMama zasemini zikhethekile.



NgoMsombuluko, uMama wenza ukudla kwabo kumise okwamabhungezi amancanyana apaqupaquza ekhasa, nokwenza uTumi akhale kakhulu ngokwesaba.

"EEEE!"

Kepha empeleni yizithelo nemifino emnandi, futhi akwethusi neze.





NgoLwesibili, wenza ibhubesi elibhonga kakhulu kuzamazame indlu.

"UKUBHONGA!"

Kodwa empeleni yi-pasta noshizi okumnandi.





NgoLwesithathu, uMama wenza inkukhu le evusa wonke umuntu kulowo mgwaqo.

“KIKILIKIGI!”

Kepha empeleni yipuleti nje elinomhluzi omningi.





NgoLwesine, wakha iloli elinomsindo.

UThabo noTumi bavala izindlebe.

“VROOOM!”

Kodwa empeleni yisamentshi elimnandi likajamu wamajikijolo.





NgoLwesihlanu, uMama wenza ingadi enhle egcwele izimbali, izinyoni kanye namabhungezi.

“TWIIT TWIIT!”

Kodwa empeleni yipapa elinempilo, ubhontshisi kanye nesaladi elihlwabusayo.



“Mama, sizodlani emini?” kubuza uTumi.

“Yebo, sizodlani ngempela, Mama,” kusho uThabo. “Uzophekani namuhla?”







UThabo noTumi abasakwazi ukulinda namunye umzuzwana.

Izisu zabo seziyakhala.
Ekugcineni, uMama uselungile.

"Ukudla kuni, Mama?" kubuza uThabo, ekhotha izindebe zomlomo.



NguThabo, uTumi noMama!

“Mmm, intandokazi yethu, isitshulu sakho esidumile nelayisi.”

“Siyabonga, Mama!”






Uzokwenzani uMama ngeSonto?



